



---

“Asiguqule ezoLimo zibe isikompilo lethu”

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA  
KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATALI UMHLONISHWA  
UTHEMBA MTHEMBU AYETHULE EMCIMBINI WOKWETHULWA KOHLELO  
LOKUGQUQUZELWA KWEZOLIMO NJENGOBA SEKUSEHLOBO**

30 Novemba 2017

Umphathi woHlelo

Amakhosi asendlunkulu

Izinduna

Zonke iziMeya ezikhona

Usihlalo weKomidi lezolimo eSishayamthetho sesiFundazwe uMhlonishwa N. Simelane-Zulu

Onke amalungu eKomidi lezoLimo eSishayamthetho

Abaholi bamaqembu ezombusazwe ehlukenene abakhona lapha

KZNSWARD

KZNSYARD

Izinhlangothi zabaLimi

Abamele abakwa-Penner Seeds (PTY) Ltd

Ubaba uNtombela weMasangweni Amahlophe Partnership Project

Zonhle izinhlobo ezibambisene nazo ezikhona

Abalimi,

Abasebenzi bakaHulumeni

Bafowethu noDadewethu;

Sihlangene lapha namuhla esikhathini esibaluleke kakhulu ekhalendeni lethu, njengalokhu uMhlaba wonke ngalesi sikhathi uye uthathe umzuzu wokuba kuqashelwe izinsuku ezingu-16 zokuba kukhunjuzwanwe ngodlame olubhekene

nebesifazane nezingane ngaphansi komkhankaso we-16 Days of Activism for No Violence Against Women and Children. Umkhankaso walo nyaka uqhutshwa ngaphansi kwesiqubulo esithi: **"Leave no one behind: end violence against women and girls.** Njengoba lona kuwunyaka okhethekile lapho sikhumbula iqhaza elibanjwe ngomunye wabaholi bakithi ababa nohlonze ubaba u-O.R Tambo, isiqubulo sethu lapha eNingizimu Afrika esiqondene nomkhankaso wezinsuku ezingu-16 senziwe sahambisana nalo mbungazo wonyaka kaTambo ngaphansi kwesihloko esithi: **"O.R Tambo and the emancipation of women"**.

Lona-ke sekuwunyaka ka-19 selokhu iNhlango yeZizwe yaqala umkhankaso wezinsuku ezingu-16 kugqugquzelwa ukuba abesifazane nezingane bakhonjiswe uthando nozwela. Yize kunjalo, abesifazane emhlabeni nakhona lapha ezweni lakithi basaqhubeka nokuphathwa ngodlame nangokucwaswa emphakathini, ezindaweni zokusebenza ngisho nasemakhaya abahlala kuwo.

Izibalo ezisanda kukhishwa ngabakwa-StatsSA zikhombisa ukuthi amaphenti angu-21 (oyedwa kwabayisihlanu) abesifazane aseke aba yizisulu zodlame eNingizimu Afrika ekubeni abangaphezulu kuka-100 bayadlwengulwa mihla namalanga. Amarekhodi amacala abikwe emaphoyiseni phakathi kuka-Ephreli noDisemba ngo-2016 aveze ukuthi "abantu abangu-14,333 babulawa eNingizimu Afrika kanti abanukubezwa ngokocansi bangu-37,630". Ngaphezu kwalokhu, i-South African Medical Council ihlambisela ukuthi u-40% wabesifazane uke wabhekana nokuhlukunyezwa ngendluzula ngabalingani babo kwezothando kanti le nhlangano iqagula ukuthi ingxenye yezingane ezingaphansi kweminyaka engu-18 ubudala izobhekana nokuhlukunyezwa. Njengoba sihlalengane lapha nje namuhla, kumele sizibophezele sonke ukuthi ngeke size silokotho sihlukumeze abesifazane nezingane uma sifika emakhaya ethu. Nalapho sisebenza khona nasemaphakathini nje jikelele kumele nalapho sizimisele ukuthi siyabavikela abesifazane nezingane esikhundleni sokubahlukumezeza njengoba abanye benza. Asikwazi ukuhlala emphakathini lapho abesifazane nezingane bephiliswa kabuhlungu ngokushaywa nokwesatshiswa.

Kuyinto engiphatha kabi kakhulu ukuthi namanje abesifazane usathi uma ubabuka nezingane uthole ukuthi babhalwe usizi nenhlupheko ebusweni. Lokhu kubuye kubangelwe kakhulu ukungalingani nokwentuleka kwamathuba emisebenzi. Uma ubheka uthola ukuthi u-55.5 % wabesifazane nezingane abamnyama abasakhungethwe yinhlopheko nendlala ngabantu abahlala ezindaweni zasemakhaya. Iningi lalaba yigenge yamantombazane eneminyaka engaphansi kuka-17 nezingane. Olunye ucwaningo olusanda kwenziwa luveze ukuthi izingane ezilinganiselwa ku-13 million eNingizimu Afrika azikhuli ngendlela efanele futhi azondlekile kahle ngenxa yobuphophu. Uyabonake kulezi zimo kuvame ukuthi kube yilapho kanye okudlange khona udlame, ukuthunazeka kwesithunzi sabesifazane nezingane. Yingakho ngonyaka owedlule ngesikhathi sibhunga mayelana neqhinga lokusebenza komnyango sakwenza kwaba phezulu eqhulwini ukuthi sicheme nentuthuko yabesifazane, intsha nabantu abaphila nokukhubazeka ngoba sasifuna ukuthi senze izinhlelo ezizobathinta ngqo okuyothi ngazo bakwazi ukuphuma enkathazweni.

Ngiphinde ngamemezela ngesikhathi ngethula isabelozimali somnyango engiwuphathisiwe ukuthi sizovuselela uphiko obelubhekele ngqo abesifazane eMnyangweni okungolwabesifazane, iNtsha nabaphila nokukhubazeka ukuze kuqinisekise ukuthi izidingo zabo zinakekelwa futhi zihlinzekwa ngokukhethekile.

Emnyangweni sibeke phezulu ezinhlelweni zethu ukukhiqizwa kokudla okunomsoco futhi lokhu kuyingqikithi yazo zonke izinhlelo esinazo. Okwenza-ke ukuthi sibeke phezulu ukukhiqizwa kokudla okunomsoco ezinhlelweni zethu ukuthi siyazi ukuthi uma abantu bedla ukudla okunomsoco bahlala bephilile beyimiqemane futhi lokho kwenza bakhiqize nakakhulu, lokho-ke okunomthelela ngisho nakwezinye izinhlelo nemisebenzi.

Zonke izinhlelo zethu zenziwe zahambisana nenjongo yethu yokuba yonke imindeni esiFundazweni sakithi ibe nokudla okumnandi futhi okunomsoco zinsuku zonke.

Iqhinga loMnyango ukuthi izinhlelo zethu zakhiwe ziqondaniswe nokusiza imiphakathi edla ukudla okuyisitashi ukuze angacgini nje ngokwethembela kulokhu kudla kuphela kodwa kuyadingeka ukuthi etafuleni lomndeni lapho kudliwa lixube izinhlobonhlobo zokudla okufanele.

Kusasa mhlaka 1 Disemba, umhlaba uzobe ugubha uSuku lweNgculazi olugujwa emhlabeni wonke ngaphansi kwesiqubulo esithi **The Right to Health** esichaza khona ukuthi kuyilungelo lethu sonke ukuba sihlale siphilile siyimiqemane njalo emzimbeni. Ukuhlala uphilile kufaka izinto eziningi esingaba kuzo ukuzivocavoca, ukuphuza kakhulu amanzi nokudla okunikeza umzimba izakhimzimba noma amavithamini awenza umzimba ukwazi ukuzivuselela nokuzivikela ezifweni. Singalindela kanjani ukuthi abantu bakithi badle imishanguzo yabo ngendlela uma belambile?

Nakuba kuyiqiniso ukuthi ukuhlinzekwa ngezempilo ezanele kuyilungelo lawo wonke umuntu eliqukethwe emthethwenisisekelo wezwe kodwa kanjalo nokuba khona kokudla okwanele namanzi nakho kuyilungelo lethu sonke.

Uphiko loMnyango olubhekele ukukhiqizwa kokudla okunomsoco olubizwa ngokuthi i-Food and Nutrition Security Directorate lujutshwe ukuba luqhamuke nezinhlelo eziphusile ezizoqinisekisa ukuthi kuba nezinhlelo ezozobhekela lokhu esikhuluma ngakho kuso sonke isiFundazwe ngaphansi komkhankaso u-Operation Xoshindlala obandakanya lokhu:

- a. Isivande umuzi ngomuzi;
- b. Isihlahla sezithelo umuzi ngomuzi,
- c. Isiqinti sokulima esiyihlektha umuzi ngomuzi;
- d. UBhasikidi wokudla okunomsoco;
- e. Izimbuzi zesiZulu;
- f. Izinkukhu zesiZulu,
- g. Ukutshalwa kwezithombo zendabuko nezithelo;
- h. Ukulinywa kwezingadi zomphakathi ;
- i. Ukugqugquzelwa kwezolimo ezindaweni zasemadolobheni; kanye nezinhlelo zokukhuliswa kwamakhowe.

Sithi tshala izihlahla zezithelo kwakho MaNgcobo. Yiba nengadi iqhakaze iklabishi, isipinashi, u-anyanisi, amakhowe nokunye ukudla kwesiZulu okulinywayo. Yenza indawo yakho ikukhiqizele ukudla uphile. Thina njengoMnyango sizokusiza ngokufaka isandla ngezinsiza kulima, izimbewu, ukukuqeqesha nokunika amasu

nokuthi sikuhlinzeke ngogandaganda. Kulo nyaka wezimali uMnyango ube eceleni isamba semali engu-R200 million esijonge ngaso ukwesekela zonke izinhlelo ezizosikhiqizela ukudla okunomsoco esikufunayo emiphakathini yakithi kuso sonke isiFundazwe.

Lapha nje esiFundeni iZululand kulo nyaka wezimali sibeke eceleni u-R1.7 million esifuna ukuqala ngawo izingadi zasemakhaya ezingu-374, izingadi zomphakathi ezingu-7, bese kuba yiziqephu ezine zamahektha umuzi ngamunye okuzohlomula imizi emine. Sizoxhasa nohlelo lwamakhowe olulodwa. Lezi zinhlelo zizosiza imiphakathi eyakhelwe ngabantu abalinganiselwa ku-508.

Ngaphandle kwale mali engiyibalile, kukhona no-R7.3 million obekwe eceleni ukuze ubhekane nezinhlelo ezibandakanya iMbangweni Beef projekthi ngaphansi kukaMasipala waseBaqulusini, lapho uMnyango uthuthukisa khona ingqalasizinda futhi wakha izizinda zokusebenza ngemali elinganiselwa ku-R2.2 million. Omunye u-R2.2 million ubhekene nomsebenzi wokwakha amahhoko ezinkukhu KwaNongoma ngaphansi kweQhawe projekthi, okuzofakwa kuyo zonke izinto ezidingayo ukuze isingathe ngempumelelo umsebenzi wokufuywa kwezinkukhu. Omunye umsebenzi ozothola uxhaso ulaphaya oLundi lapho uMnyango uzokwakha amadiphu kanye nenye ingqalasizinda esomqoka kuhlenganisa nezigwedlo samanzi.

Njengoba sizokwethula lolu hlelo lokulima ngokumsemthethweni njengoba sekuyilesi sikhathi sasehlobo, ngidinga ukuthi ngigcizelele ukuthi uMnyango usushaya ngonyawo olusha kulo nyaka wezimali ka-2017/18. Njengoba ngangishilo ngesikhathi ngilaphaya eManxili mhla sethula ngokumsemthethweni i-Food and Nutrition Programme ukuthi sifuna manje ukuthi kuhlale ngaso sonke isikhathi kuluhlaza amaqele ngoba asisezokugxila kuphela esikhathini esisodwa sonyaka emikhankasweni yethu yokulima.

Asisafuni ukugxila ekulimeni ukudla okusanhlamvu njengombila nobhotshisi kuphela.

Ngemuva kokuba sense ucwaningo olunzulu eMnyangweni sifinyelele esiphethweni sokuthi ukuze siphumelele embhidlangweni wethu wokukhiqiza ukudla okunomsoco kuzofanele sihlale njanlo sisemasimini ukuze sikhiqize ukudla okunhlobonhlobo ngazo zonke izikhathi zonyaka.

Njengamanje uMnyango nezinhlelo zawo kuzokwenziwa kuhambisane nokwesekelwa kokukhiqizwa kwezithombo zokudla ezincike kakhulu emithonjeni yemvelo ekhona esiFundazweni bese kuphinde kulinywa kuhanjiswa nokuthi ngabe isithombo leso simandla kuyiphi indawo bese kugxilwa lapho ngokweziFunda.

IziFunda ezifudumeleyo ezinesithwathwa esingenawo amandla njengeZululand ne-King Cetshwayo kumele zilime iklabishi, u-lettice, u-pepper, upelepele no-beetroot onyakeni wonke. Kodwa njengamanje yisikhathi esihle sokulima ubhatata, u-leek, uBrinjolo namaDumbe. Kanti iziFunda ezibandayo njengoMzinyathi noMgungundlovu, Amajuba nezingxenywe ezithile zeZululand kumele zilime ubhontshisi, uBriccoli noMbila.

Angikusho ukuthi kubalulekile nokulima izitshalo eziwusinsi wokuzimilela. Ukutshalwa kwalezi zitshalo kwenza ukuthi sibe nikudla okwehlukile. Lezi zitshalo

ziyakwazi ukumelana nezimo ezibucayi zemvelo njengesomiso, kwazise sisalokhu siyinkinga ezindaweni eziningi esiFundazweni. Lezi zitshalo zinamandla futhi okumelana nokuhlasela kwezindawane nezifo futhi ziqukethe umsoco nezakhamzimba ezibalulekile emizimbeni yethu. Izibonelo zokudla engikhuluma ngakho yimifino, ijugo beans, izindlubu, amathanga kanye namadumbe.

Umnyango usubeke eceleni imali engu-R56 million ukuze ukwazi ukubhekana nomsebenzi wokutshalwa kwalokhu kudla enyakeni wezimali ka-2017/18. Ilinganiselwa kuma-hektha angu-24 094 indawo okumele itshalwe kuso sonke isiFundazwe.

Lezi zitshalo zehlukaniswe ngale ndlela:

1. 7165 wamahektha oMbila
2. 15 140 wamahektha kaBhontshisi owomileyo
3. 1137 wamahektha amaveji
4. 100 wamahektha esoya beans
5. 200 wamahektha kakotini namahektha angu-350 ezinye izitshalo.

Ngikhulama nje izithombo cishe ezingu-30% sesisatshalalisiwe ezingxenyeni eziningi kuso sonke isiFundazwe sakithi kanti ezinye zizothunyelwa zihambisane nesikhathi sokulima lesi sithombo.

EsiFundeni iZululand District sizotshala amahektha angu-5565 okuyimanje angu-357 aselinyiwe kanti angu-378 sekutshaliwe kuwo has been planted. Sibheke ukuthi kuhlomule abantu abangu- 1370 okuzosungula namathuba emisebenzi angu- 54.

Lo msebenzi esizowethula namuhla ukhombisa ibanga uHulumeni azimisele ukulihamba. Uma uHulumeni ubambisene nemiphakathi kanye nabezinhlangano ezizimele singasheshe sikwazi ukufeza injongo yethu yokunqoba inhlupheko. Ucingo olubiyele le ndawo yaseBabanango lunikelwe uMnuz Ntombela ngenhloso yokuthuthukisa umphakathi nokushiya into ebambekayo ongaziqhayusa ngayo. Abakwa-Penner (PTY) Ltd bona banikele ngembewu exubile ezotshalwa emhlabeni ongamahektha angu-30. UMnyango uzohlinzeka ngogandaganda bokulima nezinye izinsiza. Uma sekuhlangene konke sikholwa ukuthi lo msebenzi noma ubambiswano luzohlomulisa imizi engu-32 ebiziphilisa ngemali yesibonelelo. Ngenxa yale ntuthuko sebezokwazi ukulima bese bezenzela inzuzo ngaleyo ndlela bashitshe ukuphila kwabo. Lokhu kuwubufakazi obuqanda ikhanda ukuthi uma sibambisene kuningi esingakwenza futhi singakwazi ukuguqula impilo yabantu bakithi. Siyabonga Babu Ntombela, nani nina eniphuma kwa-Penner Seeds (PTY) Ltd.

Bantu bakithi umhlaba uyimpilo, njengoMnyango obhekele ezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya syaqhubeka nokuzibophezela ekulweni nobubha, ukusungula amathuba emisebenzi nokqwenza isiqiniseko sokuthi imiphakathi yakithi inokudla okwanele, okunomsoco futhi iyakwazi ukuziphilisa yona nesizukulwane esizayo. Asiqhubeke nokusebenza ngokubambisana ukwenza isiFundazwe sakithi KwaZulu-Natali siqhakaze ngasemkhakheni wezolimo futhi senze Ezolimo Isiko Mpilo Lwethu.

Ngiyabonga